



BEKA UVO LWAKHO

UMTHETHOSIVIVINYWA WOKUSHADISWA KWABANTU BOBULILI OBUFANAYO [B11 – 2018]

IKomidi leNdlu yesiShayamthetho kaZwelonke eliphathelene neziNdaba zaseKhaya (iNdlu yesiShayamthetho kaZwelonke) likhuthaza abantu abanentshisekelo kanye nezinhlango ukuthi balethe ukuphawula okubhalwe phansi mayelana Nesichibiyelo soMthethosivivinywa wokuShadiswa kwabantu bobulili obufanayo [B11 -2018]. UMthethosivivinywa ungalokakala kule webhusayithi: www.parliament.gov.za

Inhloso yoMthethosivivinywa

Inhloso yesiChibiyelo soMthethosivivinywa wokuShadiswa kwabantu bobulili obufanayo (u“Mthethosivivinywa”) ukuchitha isigaba sesi-6 soMthetho wokuShadiswa kwabantu bobulili obufanayo, wezi-2006 (uMthetho ongunombolo-17 wezi-2006), ovumela isikhulu somshado esisebenzela uMbuso ukuthi sazise uNgqongqoshe weziNdaba zaseKhaya ukuthi asivumelani nokubopha ngefundo lomshado phakathi kwabantu bobulili obufanayo ngenxa yonembeza, nenkolo, kanye nenkolelo yakhe.

Izethulo ezibhalwe phansi kufanele zibhekiswe kuMnu Mathonsi, uNobhala weKomidi: P.O. Box 15, Cape Town noma kule imeyili: emathonsi@parliament.gov.za noma uthumele ngefeksi: 086 655 0502. Izethulo ezibhalwe phansi kufanele zifike ePhalamende ungalokakali umhla wesi-23 kuMfumfu wezi-2018 ngehora lesi-16:00. Ukwengeza ezethulweni ezibhalwe phansi, uyacelwa ukuthi ukhombise ukuthi unesifiso sokwenza izethulo zomlomo.

Imibuzo ayiqondiswe kuMnu Eddy Mathonsi, inombolo yocingo: 021 403 3826, inombolo yeselula: 083 709 8523, inombolo yefeksi: 086 655 0502 noma kule imeyili: emathonsi@parliament.gov.za

Sikhishwe ngu Mnu PH Chauke, iLungu lePhalamende, uSihlalo weKomidi leNdlu yesiShayamthetho esiphathelene neziNdaba zaseKhaya

Parliament. Making Democracy Work.